



Government Gazette

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Vol. 708

Cape Town
Kaapstad

11 June 2024

No. 50799

THE PRESIDENCY

No. 4958 11 June 2024

It is hereby notified that the President has assented to the following Act, which is hereby published for general information:—

Act No. 06 of 2024: The Economic Regulation of Transport Act, 2024

UMONGAMELI

No. 4958 11 Junie 2024

Kwaziswa ukuthi uMongameli uvumile uMthetho olandelayo oshicilelwa lapha ukuze kwaziwe wonke umuntu:—

No. 06 Ka 2024: Umthetho wokulawula umnotho wezokuthutha, 2024

ISSN 1682-5845



9 771682 584003

5 0 7 9 9



AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

GENERAL EXPLANATORY NOTE:

- [] Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments.
- Words underlined with a solid line indicate insertions in existing enactments.

(English text signed by the President)
(Assented to 6 June 2024)

ACT

To consolidate the economic regulation of transport within a single framework and policy; to establish the Transport Economic Regulator; to establish the Transport Economic Council; to make consequential amendments to various other Acts; and to provide for related incidental matters.

BE IT ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

ARRANGEMENT OF SECTIONS

Sections

CHAPTER 1	5
INTERPRETATION, PURPOSE AND APPLICATION	
<i>Part A</i>	
<i>Interpretation</i>	
1. Definitions	
2. Interpretation	10
<i>Part B</i>	
<i>Purpose and Application of Act</i>	
3. Purpose of Act	
4. Application of Act	
CHAPTER 2	15
ACCESS TO RAIL INFRASTRUCTURE	
5. Determination of access costs and review of access agreements	
6. Types of access requests and access fees	
7. Contents of access agreements and notification to Regulator	
8. Request for and consideration of access approval by Regulator	20
9. Decision on access approval	
10. Cession, transfer or assignment of access rights	

UMBHALO OCHAZA OKUJWAYELEKILE:

- [] Amagama agqamile akubakaki abayisikwele amele okukhishiwe emthethweni osebenzayo.
- Amagama adwetshelwe ngomugqa ogqamile amele okufakiwe emthethweni osebenzayo.

(English text signed by the President)
(Assented to 6 June 2024)

UMTHETHO

Ukuhlenganisa ukulawulwa kwezomnotho wezokuthutha ngaphakathi kohlaka nenqubomgomo eyodwa; ukusungula uMlawuli wezoMnotho wezokuThutha; ukusungula uMkhandlu wezoMnotho wezokuThutha; ukwenza izinguquko ezibalulekile kweminye iMithetho eyahlukene; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene.

UZOMISWA iPhalamende laseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ngale ndlela elandelayo:—

UKUHLELWA KWEZIGABA

Izigaba

ISAHLUKO 1 5**UKUHUMUSHA, INHLOSO KANYE NOKUSEBENZA*****Ingxenye A******Ukuhumusha***

1. Izincazelo
2. Ukuhumusha 10

Ingxenye B***Inhloso Nokusebenza koMthetho***

3. Inhloso yoMthetho
4. Ukusebenza koMthetho

ISAHLUKO 2 15**UKUFINYELELA KWINGQALASIZINDA YAJANTSHI**

5. Ukunqunywa kwezindleko zokufinyelela kanye nokubuyezwa kwezivumelwano zokufinyelela
6. Izinhlobo zezicelo zokufinyelela kanye nezimali zokufinyelela
7. Okuqokethwe kwezivumelwano zokufinyelela kanye nesaziso kuMlawuli 20
8. Isicelo nokubhekwa kwemvume yokufinyelela nguMlawuli
9. Isinqumo sokuvunyelwa ukufinyelela
10. Ukunikezela, ukudluliswa noma ukwabiwa kwamalungelo okufinyelela

CHAPTER 3**ECONOMIC REGULATION OF TRANSPORT FACILITIES AND SERVICES***Part A**Price Regulation*

- | | | |
|-----|--|---|
| 11. | Determination of price controls | 5 |
| 12. | Extraordinary review of price controls | |

*Part B**Economic Oversight of Regulated Entities*

- | | | |
|-----|---|----|
| 13. | Information from regulated entities | |
| 14. | Regulatory accounting and disclosure requirements | 10 |
| 15. | Complaints against regulated entities | |

*Part C**Complaint Investigations by Regulator*

- | | | |
|-----|--|----|
| 16. | Direct referrals to Council | |
| 17. | Consideration of complaints by Regulator | 15 |
| 18. | Outcome of investigation | |
| 19. | Consent orders | |
| 20. | Issuance of compliance notices | |
| 21. | Directed price control reduction | |

*Part D**Review of Regulator's Decisions*

- | | | |
|-----|--|----|
| 22. | Right to appeal to Council or apply for review | 20 |
|-----|--|----|

*Part E**Hearing Procedures*

- | | | |
|-----|---------------------------------|----|
| 23. | Procedure at Council hearings | 25 |
| 24. | Right to participate in hearing | |
| 25. | Powers of Council at hearing | |
| 26. | Rules of procedure | |
| 27. | Witnesses | |
| 28. | Decision at end of hearing | 30 |

CHAPTER 4**ESTABLISHMENT OF INSTITUTIONS***Part A**Transport Economic Regulator*

- | | | |
|-----|---|----|
| 29. | Establishment of Transport Economic Regulator | 35 |
| 30. | Governance of Transport Economic Regulator | |
| 31. | Qualifications for Board membership | |
| 32. | Conduct and conflicts of Board members | |
| 33. | Resignation, removal from office, and vacancies | |
| 34. | Regulator's executive structures | 40 |
| 35. | Chief Executive Officer | |
| 36. | Appointment of Executive Officers | |
| 37. | Resignation or removal of Executive Officers | |
| 38. | Functions of Regulator | |

ISAPHLUKO 3**UKULAWULWA KWEZOMNOTHO WEZINSIZA NAMASEVISI
EZOKUTHUTHA*****Ingxenywe A******Ukulawulwa Kwentengo*** 5

11. Ukunqunywa kwezilawuli zentengo
12. Ukubuyekwezwa okungajwayelekile kwezilawuli zentengo

Ingxenywe B***Ukwengamela Kwezomnotho Kwamabhizinisi Alawulwayo***

13. Ulwazi oluphuma kumabhizinisi alawulwayo 10
14. Izidingo zokubalwa kwezimali kanye nokudalula
15. Izikhalazo ngokumelene nezihlangano ezilawulwayo

Ingxenywe C***Ukuphenywa kwezikhalazo ziphenywa nguMlawuli***

16. Ukudluliselwa ngqo emkhandlwini 15
17. Ukucutshungulwa kwezikhalo nguMlawuli
18. Umphumela wophenyo
19. Imiyalelo yemvume
20. Ukukhishwa kwezaziso zokuthobela imithetho
21. Ukwehliswa kokulawulwa kwentengo okuqondisiwe 20

Ingxenywe D***Ukubuyekwezwa Kwezinqumo Zomlawuli***

22. Ilungelo lokudlulisa icala eMkhandlwini noma ukufaka isicelo sokubuyekwezwa

Ingxenywe E 25***Izinqubo Zokulalelwa kwecala***

23. Inqubo Ezigcawini zomkhandlu
24. Ilungelo lokubamba iqhaza ekulalelweni kwecala
25. Amandla omkhadlu ekulalelweni kwecala
26. Imithetho yenqubo 30
27. Ofakazi
28. Isinqumo ekupheleni kokulalelwa kwecala

ISAPHLUKO 4**UKUSUNGULWA KWEZIKHUNGO*****Ingxenywe A*** 35***Umlawuli wezomnotho wezokuthutha***

29. Ukusungula uMlawuli wezoMnotho wezokuThutha
30. Ukubusa uMlawuli wezoMnotho wezokuThutha
31. Izimfanelo zobulungu beBhodi
32. Ukuziphatha kanye nokungqubuzana kwamalungu eBhodi 40
33. Ukwesula, ukususwa esikhundleni, kanye nezikhala
34. Izakhiwo zesigungu zomlawuli
35. Isikhulu Esiphezulu Esiphethe
36. Ukuqokwa Kwezikhulu Eziphethe
37. Ukwesula noma ukususwa kwezikhulu eziphezulu 45
38. Imisebenzi yoMlawuli

- 39. General provisions concerning Regulator
- 40. Development of codes of practice relating to Act
- 41. Promotion of legislative and regulatory reform
- 42. Research and public information
- 43. Relations with other regulatory authorities 5
- 44. Advice and recommendations to Minister
- 45. Minister may call for inquiries or investigations

Part B

Transport Economic Council

- 46. Establishment of Transport Economic Council 10
- 47. Council members
- 48. Council functions and procedures

Part C

Administrative matters concerning Regulator and Council

- 49. Conflicting interests 15
- 50. Finances
- 51. Minister to determine annual fees to be paid by regulated entities
- 52. Board and Council members remuneration
- 53. Reviews and reports by Regulator and Council
- 54. Regulations 20

CHAPTER 5

ENFORCEMENT OF ACT

Part A

Powers in Support of Investigation

- 55. Appointment of inspectors and investigators 25
- 56. Subpoena
- 57. Authority to enter and search under warrant
- 58. Powers to enter and search
- 59. Conduct of entry and search
- 60. Claims that information is confidential 30
- 61. Powers of Court

Part B

Offences and Penalties

- 62. Breach of confidence
- 63. Hindering administration of Act 35
- 64. Offences relating to Regulator and Council
- 65. Offences relating to prohibited conduct
- 66. Penalties

Part C

Miscellaneous matters

- 67. Civil actions and jurisdiction 40
- 68. Limitations of bringing action
- 69. Serving documents

CHAPTER 6

GENERAL PROVISIONS

- 70. Consequential amendments and transitional arrangements 45
- 71. Short title and commencement

39. Imihlinzeko ejwayelekile mayelana noMlawuli
 40. Ukuthuthukiswa kwamakhodi okusebenza ahlobene noMthetho
 41. Ukugqungquzelwa kwezinguquko zomthetho nezokulawula
 42. Ucwangingo nolwazi lomphakathi
 43. Ubudlelwano nezinye iziphathimandla ezilawulayo 5
 44. Izeluleko nezincomo kuNgqongqoshe
 45. UNgqongqoshe angavumela imibuzo noma uphenyo

Ingxenywe B**Umkhandlu wezoMnotho wezokuThutha**

46. Ukusungulwa koMkhandlu wezoMnotho wezokuThutha 10
 47. Amalungu omkhandlu
 48. Imisebenzi nezinqubo zomkhandlu

Ingxenywe C**Izindaba zokuphatha eziphathelele noMlawuli kanye noMkhandlu**

49. Ukushayana kwemibono 15
 50. Ezezimali
 51. UNgqongqoshe uzonquma izimali zonyaka ezizokhokhwa izinhlangano ezilawulwayo
 52. Iholo lamalungu eBhodi nawoMkhandlu
 53. Ukubuyekezwa kanye nemibiko yoMlawuli noMkhandlu 20
 54. Imithetho

ISAHLUKO 5**UKUSEBENZA KOMTHETHO****Ingxenywe A****Amandla aseka uphenyo 25**

55. Ukuqokwa kwabahleli nabaphenyi
 56. Ukubizelwa enkantolo
 57. Igunya lokungena nokusesha ngaphansi kwencwadi yemvume yokuthungatha
 58. Amandla okungena nokusesha
 59. Ukuziphatha kokungena nokusesha 30
 60. Izimangalo zokuthi ulwazi luyimfihlo
 61. Amandla Enkantolo

Ingxenywe B**Amacala Nezinhlawulo**

62. Ukwepulwa kokuzethemba 35
 63. Ukuvimbela ukwenziwa koMthetho
 64. Amacala aphathelene noMlawuli kanye noMkhandlu
 65. Amacala aphathelene nokuziphatha okungavunyelwe
 66. Izinhlawulo

Ingxenywe C**EZINYE IZINDABA**

67. Izenzo zomphakathi kanye negunya
 68. Imikhawulo yokuletha isinyathelo
 69. Amaphepha okumangalelwa 40

ISAHLUKO 6**IMIHLINZEKO EJWAYELEKILE**

70. Izichibiyelo ezibalulekile kanye nezinhlelo zesikhashana
 71. Isihloko esifushane kanye nesiqalo 45

SCHEDULE 1**CONSEQUENTIAL AMENDMENTS**

- | | | |
|----|---|---|
| 1. | Amendment of National Ports Act | |
| 2. | Amendment of Airports Company Act | |
| 3. | Amendment of Air Traffic and Navigation Services Company Act | 5 |
| 4. | Amendment of National Land Transport Act | |
| 5. | Amendment of South African National Roads Agency Limited and National Roads Act | |

SCHEDULE 2**TRANSITIONAL PROVISIONS**

- | | | |
|----|--|----|
| | | 10 |
| 1. | Definitions | |
| 2. | Continuation of tariffs in force at effective date | |
| 3. | Appeals and complaints | |
| 4. | General preservation of regulations, rights, duties, notices and other instruments | 15 |
| 5. | Regulations | |
| 6. | Transition of Ports Regulator | |
| 7. | Interim administrative arrangements for Council | |

CHAPTER 1**INTERPRETATION, PURPOSE AND APPLICATION**

20

*Part A**Interpretation***Definitions**

- | | | |
|----|---|----|
| 1. | In this Act unless the context indicates otherwise— | |
| | “ access ” means the use of infrastructure, a facility or a resource by an access seeker to provide goods or services to customers of that access seeker; | 25 |
| | “ access agreement ” means an agreement between an access seeker and an infrastructure or resource owner, setting out the terms and conditions for access by an access seeker to the infrastructure, resource or facility, excluding any agreement regarding the safe operation of such access that is required by safety legislation; | 30 |
| | “ access seeker ” is an individual or an organisation or an agent of an individual that seeks to utilise infrastructure, resource or facility of an infrastructure or resource owner; | |
| | “ Air Traffic and Navigation Services Company ” means the Air Traffic and Navigation Services Company Limited established in terms of the Air Traffic and Navigation Services Company Act, 1993 (Act No. 45 of 1993); | 35 |
| | “ Airports Company of South Africa ” means the Airports Company Limited established in terms of the Airports Company Act, 1993 (Act No. 44 of 1993); | |
| | “ annual fee ” means a fee referred to in section 51(2); | |
| | “ Board ” means the governing body of the Transport Economic Regulator established by section 30; | 40 |
| | “ Cabinet ” means the body of the national executive described in section 91 of the Constitution; | |
| | “ Chief Executive Officer ” means the person holding the office of Chief Executive Officer of the Regulator, in terms of sections 35 and 36; | 45 |
| | “ Competition Act ” means the Competition Act, 1998 (Act No. 89 of 1998); | |
| | “ complainant ” means a person who has submitted a complaint to the Regulator in terms of section 15; | |
| | “ confidential information ” means trade, business or industrial information that belongs to a person, firm or the State, has a particular economic value, and is not generally available to or known by others; | 50 |

SHEDULI 1**IZICHIBIYELO EZIBALULEKILE**

1. Ukuchitshiyelwa kwe-*National Ports Act*
2. Ukuchitshiyelwa kwe-*Airports Company Act*
3. Ukuchitshiyelwa kwe-*Air Traffic and Navigation Services Company Act* 5
4. Ukuchitshiyelwa kwe-*National Land Transport Act*
5. Ukuchitshiyelwa kwe-*South African National Roads Agency Limited and National Roads Act*

ISHEJULI 2**IMIHLINZEKO YESIKHASHANA**

10

1. Izincazelo
2. Ukuqhubeka kwemithelo esebenzayo ngesikhathi sokuqala ukusebenza
3. Amacala kanye nezikhalazo
4. Ukulondolozwa okujwayelekile kwemithetho, amalungelo, imisebenzi, izaziso kanye namanye amathuluzi 15
5. Imithetho
6. Ukuguqulwa kwesilawuli samachweba
7. Amalungiselelo esikhashana okuphatha oMkhandlu

ISAPHLUKO 1**UKUHUMUSHA, INHLOSO KANYE NOKUSEBENZA**

20

Ingxenye A***Ukuhumusha*****Izincazelo**

1. Kulo Mthetho ngaphandle uma isimo sisho ngenye indlela—
“ukufinyelela” kusho ukusetshenziswa kwengqalasizinda, isikhungo noma insiza 25
kusetshenziswa umuntu ofuna ukufinyelela ofuna ukuhlinzeka ngezimpahla noma
amasevisi kumakhasimende alowo mfuni wokufinyelela.
“isivumelwano sokufinyelela” sisho isivumelwano phakathi kwalowo ofuna
ukufinyelela kanye nengqalasizinda noma umnikazi wezinsiza, ebeka imigomo
nemibandela yokufinyelela kwingqalasizinda, izinsiza noma indawo, ngaphandle 30
kwanoma yisiphi isivumelwano mayelana nokusebenza ngokuphephile kwalokho
kufinyelela okudingekayo ngokomthetho wezokuphepha;
“umuntu ofuna ukufinyelela” umuntu noma inhlangano noma i-ejenti yomuntu
ngamunye ofuna ukusebenzisa ingqalasizinda, izinsiza noma indawo 35
yengqalasizinda noma umnikazi wensiza;
“i-Air Traffic and Navigation Services Company” ichaza i-*Air Traffic* kanye
ne-*Navigation Services Company Limited* esungulwe ngokuya nge-*Air Traffic*
kanye noMthetho Wenkampani Yezinkonzo Zokuhamba, we-1993 (uMthetho 45
we-1993);
“i-Airports Company of South Africa” ichaza i-*Airports Company Limited* 40
eyasungulwa ngokoMthetho Wezinkampani Zezindiza, we-1993 (uMthetho 44
we-1993);
“imali yonyaka” ichaza imali okukhulunywe ngayo esigabeni sama-51(2);
“iBhodi” lisho umgwamanda olawulayo woMlawuli wezoMnotho wezokuThutha
osungulwe ngokwesigaba sama-30; 45
“iKhabhinethi” isho umgwamanda wesigungu sikazwelonke esichazwe
esigabeni sama-91 soMthethosisekelo;
“Isikhulu Esiphezulu Esiphethe” kushiwo umuntu osehhovisi lesiKhulu
esiyinhloko soMlawuli, ngokwezigaba zama-35 no-36;
“UMthetho Wokuncintisana” kushiwo uMthetho Wezokuncintisana, we-1998 50
(uMthetho 89 we-1998);

- “**Constitution**” means the Constitution of the Republic of South Africa, 1996;
- “**Council**” means the Transport Economic Council, established by section 46;
- “**economic regulation**” in respect of this Act means the regulation of markets, entities, facilities or services within the transport sector by determining—
- (a) the price control for access to facilities or for services; 5
- (b) access to facilities or services; and
- (c) service levels and service conditions;
- “**effective date**” means the date upon which this Act came into operation in terms of section 71;
- “**electronic communication**” has the meaning set out in section 1 of the 10
Electronic Communications and Transactions Act, 2002 (Act No. 25 of 2002);
- “**essential facility**” means a facility or resource that cannot reasonably be duplicated, and without access to which competitors cannot reasonably provide goods or services to their customers;
- “**Executive Administrative Committee**” means the executive structure of the 15
Regulator constituted in terms of section 34(5);
- “**Executive Regulatory Panel**” means the executive structure of the Regulator constituted in terms of section 34(4);
- “**facility**” means any physical infrastructure used for the transportation of persons or goods within the transport sector; 20
- “**goods or services**”, when used with respect to particular goods or services, includes any other goods or services that are reasonably capable of being substituted for them, taking into account ordinary commercial practice and geographical, technical and temporal constraints;
- “**inspector**” means a person who has been appointed as an inspector in terms of 25
section 55(1);
- “**inter-related**” has the meaning set out in section 1 of the Companies Act, 2008 (Act No. 71 of 2008);
- “**investigator**” means a person who has been appointed as an investigator in terms of section 55(3); 30
- “**market**” means any place or platform where exchange for goods and services at a certain value exists;
- “**market inquiry**” has the meaning set out in section 43A of the Competition Act;
- “**market power**” means the power of an entity to control prices, or to exclude competition or to behave to an appreciable extent independently of its competitors, 35
customers or suppliers;
- “**Minister**” means the Minister responsible for transport matters;
- “**National Land Transport Act**” means the National Land Transport Act, 2009 (Act No. 5 of 2009);
- “**National Ports Act**” means the National Ports Act, 2005 (Act No. 12 of 2005); 40
- “**National Ports Authority**” means the Authority established in terms of Chapter 2 of the National Ports Act;
- “**organ of state**” has the meaning set out in section 239 of the Constitution;
- “**PAIA**” means the Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000); 45
- “**Passenger Rail Agency of South Africa**” means the Corporation defined in section 1 of the Legal Succession to the South African Transport Services Act, 1989 (Act No. 9 of 1989);
- “**person**” includes a juristic person;
- “**POPIA**” means the Protection of Personal Information Act, 2013 (Act No. 4 of 50
2013);
- “**prescribed**” means prescribed by regulation;
- “**President**” means the President of the Republic of South Africa;
- “**price control**” means a method for setting the price that can be charged, or revenue that can be earned, by a regulated entity for the use of or access to its 55
assets, facilities or services, referred to in section 11(2);

- “**ummangali**” kushiwo umuntu ofake isikhalazo kuMlawuli ngokwemibandela yesigaba se-15;
- “**imininingwane eyimfihlo**” ichaza ulwazi lwezohwebo, lwebhizinisi noma lwezimboni olungolomuntu, lwefemu noma loMbuso, inenani elithile lezomnotho, futhi ayivamile ukutholakala noma ukwaziwa ngabanye; 5
- “**uMthethosisekelo**” uchaza uMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, we-1996;
- “**Umkhandlu**” usho uMkhandlu wezoMnotho wezokuThutha, osungulwe ngokwesigaba sama-46;
- “**umthetho wezomnotho**” mayelana nalo Mthetho usho ukulawulwa kwezimakethe, amabhizinisi, izinsiza noma amasevisi ngaphakathi komkhakha wezokuthutha ngokunquma— 10
- (a) ukulawulwa kwamanani okufinyelela ezikhungweni noma ezinsizeni noma kumasevisi;
- (b) ukufinyelela ezinsizeni noma kumasevisi; futhi 15
- (c) amazinga amasevisi nemibandela yamasevisi;
- “**usuku lokuqala ukusebenza**” luchaza usuku lo Mthetho owaqala ngalo ukusebenza ngokwesigaba sama-71;
- “**ukuxhumana nge-elektronikhi**” kunencazelo ebekwe esigabeni soku-1 soMthetho Wezokuxhumana Nge-elektronikhi kanye Nezentengiselwano, wezi-2002 (uMthetho 25 wezi-2002); 20
- “**insiza ebalulekile**” ichaza insiza noma insizakusebenza engeke iphendeke kabili, futhi ngaphandle kokufinyelela izimbangi ngeke zikwazi ukukunikeza ngokufanelekile izimpahla noma amasevisi kumakhasimende azo;
- “**IKomidi Eliphethe Lezokuphatha**” lichaza uhlaka lwesigungu soMlawuli olwakhiwe ngokwesigaba sama-34(5); 25
- “**iPhaneli yeziPhathimandla Elawulayo**” ichaza uhlaka lwesigungu soMlawuli olwakhiwe ngokwesigaba sama-34(4);
- “**insiza**” ichaza noma iyiphi ingqalasizinda ebonakalayo esetshenziselwa ukuthutha abantu noma izimpahla ezingaphakathi kwemboni yezokuthutha; 30
- “**izimpahla noma izinsiza**” uma isetshenziswa ngokuphathelene nezimpahla noma amasevisi athile, kuhlanganisa noma yiziphi ezinye izimpahla noma amasevisi akwaziyo ukuba khona esikhundleni sazo, kucatshangelwa umkhuba ojwayelekile wokuhweba kanye izithiyo zendawo, ezobuchwepheshe kanye nezesikhashana; 35
- “**umhloli**” kushiwo umuntu oqokwe njengomhloli ngokwemibandela yesigaba sama-55(1);
- “**okuhlobene**” kunencazelo ebekwe esigabeni soku-1 soMthetho Wezinkampani, wezi-2008, (uMthetho 71 wezi-2008);
- “**umphenyi**” kushiwo umuntu oqokwe njengomphenyi ngokwesigaba sama-55(3); 40
- “**imakethe**” isho noma iyiphi indawo noma inkundla lapho kushintshisana khona ngezimpahla namasevisi ngenani elithile elikhona;
- “**uphenyo lwemakethe**” lunencazelo ebekwe esigabeni sama-43A soMthetho Wokuncintisana; 45
- “**amandla emakethe**” asho amandla ebhizinisi okulawula amanani, noma ukukhipha ukuncintisana noma ukuziphatha ngendlela encomekayo ngaphandle kwalabo abaqhudelana nabo, amakhasimende noma abahlinzeki;
- “**uNgqongqoshe**” uchaza uNgqongqoshe obhekele izindaba zokuthutha;
- “**i-National Land Transport Act**” kusho *i-National Land Transport Act, 2009 (Act No. 5 of 2009)*; 50
- “**i-National Ports Act**” ichaza *i-National Ports Act, 2005 (Act No. 12 of 2005)*;
- “**i-National Ports Authority**” ichaza isigungu seziPhathimandla esisungulwe ngokwesahluko sesi-2 soMthetho Wezamachweba Kazwelonke;
- “**igatsha lombuso**” linencazelo ebekwe esigabeni sama-239 soMthethosisekelo; 55
- “**i-PAIA**” ichaza uMthetho Wokukhuthazwa Kokutholakala Kolwazi, wezi-2000 (uMthetho 2 wezi-2000);
- “**i-Passenger Rail Agency of South Africa**” ichaza iNhlangotho echazwe esigabeni 1 se-*Legal Succession to the South African Transport Services Act, 1989 (Act No. 9 of 1989)*; 60
- “**umuntu**” uhlanganisa ungoti wezomthetho;

“prohibited conduct” means an act or omission—

- (a) which is in contravention of—
- (i) this Act; or
 - (ii) any condition attached to a price control that has been determined in terms of this Act; or
- (b) that constitutes a charge greater than allowed under—
- (i) a price control that has been determined in terms of this Act; or
 - (ii) an agreement permitted in terms of section 11(9)(c);

“Public Finance Management Act” means the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999);

“public regulation” means any national, provincial or local government legislation or subordinate legislation, or any licence, price control, directive or similar authorisation issued by a regulatory authority or pursuant to any statutory authority;

“regulated entity” means an entity to which this Act applies in terms of—

(a) section 4(1); or

(b) a declaration contemplated in section 4(2);

“regulation” means a regulation made in terms of this Act;

“Regulator” means the Transport Economic Regulator established by section 29;

“regulatory authority” means an entity established in terms of national or provincial legislation responsible for regulating an industry, or sector of an industry, but does not include a regulated entity in terms of this Act;

“related”; when used in respect of two persons, has the meaning set out in section 1 of the Companies Act, 2008 (Act No. 71 of 2008);

“service” means activity involved in the transportation of persons or goods within the transport sector;

“South African National Roads Agency Limited” means the Agency defined in section 1 of The South African National Roads Agency Limited and National Roads Act, 1998 (Act No. 7 of 1998);

“tariff” means any charge, fee, toll, fare or other amount that may be imposed by a regulated entity for the use of, or access to, any transport service or facility;

“the State” includes an organ of state;

“this Act” includes any regulations made, notice or direction given, or price control determined and published, in terms of the Economic Regulation of Transport Act; and

“transport sector” means shipping and ports, aviation, rail or road transport and infrastructure.

Interpretation

2. (1) This Act must be interpreted in a manner that gives effect to the purposes set out in section 3.

(2) If a provision of this Act requires a document to be signed or initialled by a party to a transaction, that signing or initialling may be effected in any manner recognised by law, including by use of—

- (a) an advanced electronic signature, as defined in the Electronic Communications and Transactions Act, 2002 (Act No. 25 of 2002); or
- (b) an electronic signature, as defined in the Electronic Communications and Transactions Act, 2002 (Act No. 25 of 2002).

- “**i-POPIA**” kusho uMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu, wezi-2013 (uMthetho 4 wezi-2013);
- “**okunqunywe**” kuchaza okunqunywe wumthetho;
- “**uMongameli**” kushiwo uMongameli weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika;
- “**ukulawula amanani**” kusho indlela yokubeka inani elingakhokhiswa, noma imali engenayo engatholwa, yibhizinisi elilawulwayo ukuze lisetshenziswe noma lifinyelele kwizimpahla, izinsiza noma amasevisi, okukhulunywe ngazo esigabeni se-11(2); 5
- “**ukuziphatha okunqatshelwe**” kusho umthetho noma ukweqiwa—
- (a) okuyinto ephambene— 10
- (i) nalo Mthetho; noma
- (ii) noma imuphi umbandela ohambisana nokulawulwa kwentengo onqunywe ngokwalo Mthetho; noma
- (b) okuyinkokhiso enkulu kunalokho okuvunyelwe ngaphansi— 15
- (i) ukulawulwa kwentengo okunqunywe ngokwalo Mthetho; noma
- (ii) isivumelwano esivunyelwe ngokwesigaba se-11(9)(c);
- “**Umthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi**” usho uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, we-1999 (uMthetho 1 we-1999);
- “**umthetho womphakathi**” uchaza noma yimuphi uhulumeni kazwelonke, wesifundazwe noma wasekhaya umthetho noma umthetho ongaphansi, nanoma iyiphi ilayisensi, ukulawula intengo, isiyalelo noma ukugunyazwa okufanayo okukhishwe isiphathimandla esilawulayo noma ngokulandela noma yimuphi umthetho igunya; 20
- “**ibhizinisi elilawulwayo**” lichaza ibhizinisi lapho lo Mthetho usebenza khona—
- (a) ngokwesigaba sesi-4(1); noma 25
- (b) isimemezelo esihlongozwe esigabeni sesi-4(2);
- “**umthetho**” kushiwo umthetho owenziwe ngokwalo Mthetho;
- “**Umlawuli**” uchaza Umlawuli Wezomnotho Wezokuthutha owasungulwa isigaba sama-29;
- “**igunya elilawulayo**” lichaza ibhizinisi elisungulwe ngokomthetho kazwelonke noma wesifundazwe elinesibopho sokulawula imboni, noma umkhakha wemboni, kodwa ayibandakanyi ibhizinisi elilawulwayo ngokwalo Mthetho; 30
- “**okuhlobene**” uma kusetshenziswa ngokuqondene nabantu ababili, kunenzazelo ebekwe kwisigaba soku-1 soMthetho Wezinkampani, wezi-2008 (uMthetho 71 wezi-2008); 35
- “**isevisi**” kusho umsebenzi obandakanyekayo ekuthuthweni kwabantu noma izimpahla ngaphakathi kwimboni yezokuthutha;
- “**i-South African National Roads Agency Limited**” kusho Umenzeleli ochazwe esigabeni soku-1 se-*South African National Roads Agency Limited and National Roads Act, 1998 (Act No. 7 of 1998)*; 40
- “**umthelo**” uchaza noma iyiphi imali ekhokhiswayo, imali ekhokhwayo, umthelo, imali yokugibela noma enye imali engase ibekwe ibhizinisi elilawulwayo ukuthi isetshenziselwe, noma ukufinyelela, kunoma iyiphi isevisi yezokuthutha noma indawo;
- “**umbuso**” kubandakanya uhlaka lukahulumeni; 45
- “**lo Mthetho**” uhlanganisa noma yimiphi imithetho eyenziwe, isaziso noma isiqondiso esinikezwayo, noma ukulawulwa kwentengo okunqunywe nokushicilelwe, ngokoMthetho Wokulawulwa Kwezomnotho Wezokuthutha; futhi
- “**imboni yezokuthutha**” ichaza imikhumbi namachweba, indiza, ujjantshi noma ezokuthutha zomgwaqo kanye nengqalasizinda. 50

Ukuhumusha

2. (1) Lo Mthetho kufanele uhunyushwe ngendlela ezosebenza ezinhlosweni ezibekwe esigabeni sesi-3.

(2) Uma umhlinzeko walo Mthetho udinga ukuthi idokhumenti isayinwe noma ifakwe amanishela yiqembu ekukhokhelaneni, loko kusayina noma ukufakwa kwamanishela kungenziwa nganoma iyiphi indlela egunyaziwe ngokomthetho, okuhlanganisa ukusetshenziswa— 55

- (a) isiginesha ye-elektronikhi ethuthukisiwe, njengoba ichazwe kwi- *Electronic Communications and Transactions Act, 2002 (Act No. 25 of 2002)*; noma
- (b) isiginisha ye-elektronikhi njengoba kuchaziwe kwi- *Electronic Communications and Transactions Act, 2002 (Act No. 25 of 2002)*. 60

(3) If there is an inconsistency between any provision of this Act and a provision of the Public Finance Management Act, the provisions of the Public Finance Management Act shall prevail.

(4) In respect of any matter arising under this Act, the provisions of this Act prevail in the case of an inconsistency between any provision of this Act, and a provision of any other transport legislation. 5

(5) The access, protection and dissemination of information, including personal and confidential information, must be done in a manner consistent with and in accordance with POPIA and PAIA.

Part B

10

Purpose and Application of Act

Purpose of Act

3. (1) The purposes of this Act are to—
- (a) promote the development of a competitive, efficient and viable South African transport sector contributing to economic growth and development; 15
 - (b) promote the development of an integrated system of economic regulation of transport of passengers and goods, by air or through airports or ports, and by road or rail;
 - (c) promote efficiency, reliability, safety, climate change and performance in the management and operation of transport facilities and services, in accordance with recognised international standards and local requirements; 20
 - (d) establish appropriate institutional arrangements and procedures to support the consistent economic regulation of transport facilities and services;
 - (e) enhance transparency in the management of transport facilities and services;
 - (f) promote appropriate investment in transport facilities and services; and 25
 - (g) develop complaints and dispute resolution mechanisms.
- (2) The purposes of this Act are to be pursued in a manner that promotes—
- (a) the development of small and medium enterprises; and
 - (b) the achievement of equality through measures designed to advance persons or categories of persons historically disadvantaged by unfair discrimination in the operation of and access to transport facilities and services. 30

Application of Act

4. (1) Subject to any exemptions contemplated in subsections (7) to (9), this Act applies to any market, entity or facility in the transport sector that was, immediately before the effective date, subject to economic regulation by the Minister. 35

(2) The Minister, in consultation with the Regulator, by notice in the *Gazette*, may declare that this Act applies to any market, or any entity or facility, irrespective whether privately or state owned, within the transport sector, if the Minister has determined that either of the following circumstances apply—

- (a) a single operator controls more than 70% of the market concerned; or 40
- (b) the preconditions for efficiency and cost-effectiveness do not exist in the market concerned.

(3) The extent of regulation introduced must be proportionate to the competition problems in the market.

(4) When making a determination in terms of subsection (2)(b), the Regulator must have found that— 45

- (a) at least one firm operating in the market has market power; or

(3) Uma kukhona ukungqubuzana phakathi kwanoma yimuphi umhlinzeko walo Mthetho kanye nemihlinzeko yoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, imihlinzeko Yokuphathwa Kwezimali Zomphakathi Izonqoba.

(4) Maqondana nanoma yiluphi udaba oluvela ngaphansi kwalo Mthetho, imihlinzeko yalo Mthetho yiyo esebenza esimweni lapho kunokungqubuzana phakathi kwanoma yimiphi imihlinzeko yalo Mthetho, kanye nemihlinzeko yanoma yimuphi omunye umthetho wezokuthutha. 5

(5) Ukufinyelela, ukuvikelwa kanye nokusatshalaliswa kolwazi, okubandakanya nolwazi lomuntu oluyimfihlo, kumele kwenziwe ngendlela ehambisanayo futhi ehambisana ne-POPIA kanye ne-PAIA. 10

Ingxenywe B

Inhloso Nokusebenza koMthetho

Inhloso yoMthetho

3. (1) Izinhlalo zalo Mthetho—

(a) ukukhuthaza ukuthuthukiswa komkhakha wezokuthutha eNingizimu Afrika ekwazi ukuncintisana, esebenza kahle futhi ekwazi ukusebenza kahle efaka isandla ekukhuleni komnotho nasekuthuthukisweni; 15

(b) ukukhuthaza ukuthuthukiswa kohlelo oludidiyelwe lokulawulwa komnotho wezokuthutha kwabagibeli nezimpahla, ngendiza noma ngezikhumulo zezindiza noma emachwebeni, nangomgwaqo noma ujangtshi; 20

(c) ukuthuthukisa ukusebenza kahle, ukwethembeka, ukuphepha kwesimo sezulu esiguquguqukayo kanye nokusebenza ekuphathweni nasekusebenzeni kwezinsiza zokuthutha kanye nezinsizakalo, ngokuhambisana namazinga ahlonishwayo omhlaba kanye nezimfuneko zendawo;

(d) ukusungula izinhlelo nezinqubo zesikhungo ezifanele ukusekela ukulawulwa kwezomnotho okungaguquki kwezindawo zokuthutha kanye namasevisi; 25

(e) ukuthuthukisa ukusebenza obala ekuphathweni kwezinsiza zokuthutha kanye nezinsiza;

(f) ukukhuthaza ukutshalwa kwezimali okufanele ezikhungweni zezokuthutha kanye nezinsiza; futhi 30

(g) Ukwakha izindlela zokuxazulula izikhalazo kanye nezingxabano.

(2) Izinhlalo zalo Mthetho kufanele zilandelwe ngendlela ekhuthaza—

(a) ukuthuthukiswa kwamabizinesi amancane naphakathi; futhi

(b) ukuzuzwa kokulingana ngezinyathelo eziklanyelwe ukuthuthukisa abantu noma izigaba zabantu ababencishwe amathuba ngaphambilini ngenxa yobandlululo olungafanele ekusebenzeni nasekufinyeleleni kwizinsiza zokuthutha kanye nezinsizakalo. 35

Ukusebenza koMthetho

4. (1) Kuncike kunoma yikuphi ukukhululwa okuhlongozwe esigatshaneni sesi-(7) kuya kwesesi-(9), lo Mthetho usebenza kunoma iyiphi imakethe, ibhizinisi noma insiza esemkhakheni wezokuthutha, eyayingaphambi nje kosuku lokusebenza, ngaphansi komthetho wezomnotho kaNgqongqoshe. 40

(2) UNgqongqoshe, ngokubonisana noMlawuli, ngesaziso kwiGazethi, angamemezela ukuthi lo Mthetho usebenza kunoma iyiphi imakethe, nanoma iyiphi inhlangotho noma isikhungo, kungakhathalekile ukuthi ngeyizelele noma ekahulumeni, embonini yezokuthutha, uma uNgqongqoshe enqume ukuthi kulezi zimo ezilandelayo ziyasebenza—

(a) umshayeli oyedwa ulawula ngaphezu kwamaphesenti angama-70 emakethe ethintekayo; noma

(b) imibandela yangaphambili yokusebenza kahle kanye nokonga imali azikho emakethe ethintekayo. 50

(3) Ububanzi bomthetho othuliwe kufanele bulingane nezinkinga zokuncintisana ezimakethe.

(4) Lapho enza isinqumo ngokwesigatshana sesi-(2)(b), uMlawuli kufanele athole ukuthi— 55

(a) okungenani ifemu eyodwa esebenza emakethe inamandla emakethe; noma

- (b) a facility or resource in the market is an essential facility,
after having received and considered—
- (i) an opinion from the Competition Commission—
 - (aa) after conducting a market inquiry in terms of chapter 4A of the Competition Act; or 5
 - (bb) on the basis of the Competition Tribunal finding that anti-competitive abuses have occurred within the relevant market; or
 - (ii) a report from the market inquiry, conducted by the Regulator in terms of section 43(2)(b).
- (5) Before the Minister may consider making a determination contemplated in subsection (2), the Regulator, in the prescribed manner and form— 10
- (a) must publish the relevant opinion or report contemplated in subsection (4) in the *Gazette*, within the prescribed period;
 - (b) must publish, in the *Gazette*, a notice that such a determination is being considered, and invite public submissions in response to the notice; and 15
 - (c) may conduct public hearings on the matter in appropriate circumstances.
- (6) A determination made by the Minister, as contemplated in subsection (2), remains in force until withdrawn by a further determination by the Minister, but any such further determination may be made only after complying again with the requirements of subsections (4) and (5). 20
- (7) The Minister in consultation with the Regulator, by notice in the *Gazette*, may grant an exemption from the application of this Act to any specific market, entity, facility or service that is otherwise subject to the application of this Act, if the Minister is satisfied that—
- (a) the market, entity, facility or service does not have a material effect on competitive conditions within the transport sector; or 25
 - (b) none of the economic conditions contemplated in subsection (4) apply with respect to that market, entity, facility or service.
- (8) The Minister may grant an exemption in terms of subsection (7) either—
- (a) in conjunction with a determination in terms of subsection (2) that would otherwise affect the entity being exempted; or 30
 - (b) at any other time, after complying with the requirements of subsections (4) and (5).
- (9) An exemption granted by the Minister in terms of subsection (7), remains in force until withdrawn by a notice by the Minister published in the *Gazette*, but any such notice may be made only after complying again with the requirements of subsections (4) and (5). 35
- (10) The Minister may make regulations regarding—
- (a) the timing, manner and form of notices and periods of public submissions contemplated in subsection (5)(b); 40
 - (b) procedures for requesting and considering requests for exemptions; and
 - (c) other matters required for the proper application of this section.
- (11) The Minister may, in consultation with the Regulator, from time-to-time, by notice in the *Gazette*, declare that any other regulator, in no particular order, are consolidated into the Regulator— 45
- (a) including the following regulators, but not limited to:
 - (i) Cross-Border Road Transport Agency;
 - (ii) National Public Transport Regulator;
 - (iii) Air Service Licensing Council;
 - (iv) International Air Services Council; 50
 - (v) any other regulator; and
 - (b) if the Minister has determined that one or more of the regulators referred to in paragraph (a) must be incorporated, the Department must produce a report from conducting a review of their performance and capabilities, including the initiation of the legislative reform required to facilitate the incorporation of these regulators within three years from the effective date and from time-to-time, thereafter. 55
- (12) Before the Minister may consider making a determination contemplated in subsection (11), the Department, in the prescribed manner and form—

- (b) indawo noma insiza emakethe iyisikhungo esibalulekile, ngemva kokwamukela nokucutshungulwa—
- (i) umbono ovela kwiKhomishana Yezokuncintisana—
- (aa) ngemva kokwenza uphenyo lwemakethe ngokwesahluko sesi-4A soMthetho Wokuncintisana; noma 5
- (bb) ngesisekelo sesiGungu Sokuncintisana esithole ukuthi ukhulumeza okungahambisani nokuncintisana kwenzeke ngaphakathi kwemakethe efanele; noma
- (ii) umbiko ovela ophenyweni lwemakethe, oqhutshwa nguMlawuli ngokwesigaba sama-43(2)(b). 10
- (5) Ngaphambi kokuba uNgqongqoshe acabange ukwenza isinqumo esihlongozwe esigatshaneni sesi-(2), uMlawuli, ngendlela enqunyiwe kanye nefomu—
- (a) kufanele ishicilele umbono ofanele noma umbiko ohlongozwe esigatshaneni sesi-(4) kwiGazethi, esikhathini esinqunyiwe;
- (b) kumele ishicilele, kwiGazethi, isaziso sokuthi lokho kunqunywa kuyacutshungulwa, futhi limeme izethulo zomphakathi ngokuphendula isaziso; futhi 15
- (c) lingaqhuba ukulalelwa kwemibono yomphakathi ngalolu daba ezimeni ezifanele.
- (6) Isinqumo esenziwe uNgqongqoshe, njengoba kuhlangozwe esigatshaneni sesi-(2), sizoqhubeka sisebenza kuze kube sihoxiswa ngesinye isinqumo sikaNgqongqoshe, kodwa noma isiphi esinye isinqumo esinjalo singenziwa kuphela ngemva kokuhambisana futhi nezimfuneko zesigatshana sesi-(4) kanye nesesi-(5).
- (7) UNgqongqoshe ngokubonisana noMlawuli, ngesaziso kwiGazethi, anganikeza inkululeko ekusetshenzisweni kwalo Mthetho kunoma iyiphi imakethe, ibhizinisi, isikhungo noma izevisi encike ekusetshenzisweni kwalo Mthetho, uma uNgqongqoshe enelisekile ukuthi— 25
- (a) imakethe, ibhizinisi, isikhungo noma izevisi ayinawo umthelela obonakalayo ezimeni ezincintisanayo ngaphakathi komkhakha wezokuthutha; noma azikho izimo zezomnotho ezihlongozwe esigatshaneni sesi-(4) ezisebenza kuleyo makethe, ibhizinisi, isikhungo noma izevisi. 30
- (8) UNgqongqoshe anganikeza ukukhululwa ngokwesigatshana (7) noma—
- (a) ngokuhambisana nesinqumo ngokwesigatshana sesi-(2) esingaba uma kungenjalo kuthintebona ibhizinisi elikhululiwe; noma nganoma yisiphi esinye isikhathi, ngemva kokuhambisana nezidingo zesigatshana sesi-(4) nesesi-(5). 35
- (9) Ukukhululwa okunikezwe uNgqongqoshe ngokwesigatshana sesi-(7), kuhlala kusebenza kuze kuhoxiswe ngesaziso sikaNgqongqoshe eshicilelwe kwiGazethi, kodwa noma yisiphi leso saziso singenziwa kuphela ngemva kokuhambisana futhi nezidingo zesigatshana sesi-(4) kanye nesesi-(5). 40
- (10) UNgqongqoshe angenza imithetho mayelana—
- (a) isikhathi, indlela kanye nohlobo lwezaziso kanye nezikhathi zokwethulwa komphakathi ezihlongozwe esigatshaneni sesi-(5)(b);
- (b) izinqubo zokucela nokucutshungulwa kwezicelo zokukhululwa; kanye
- (c) nezinye izindaba ezidingekayo ukuze lesi sigaba sisetshenziswe ngendlela. 45
- (11) UNgqongqoshe ngokubonisana noMlawuli, ngezikhathi ezithile, ngesaziso kuGazethi, angamemezela ukuthi noma yimuphi omunye umlawuli, ngaphandle kwesimiso esithile, kuhlangukwe kuMlawuli—
- (a) kuhlangukwe nabalawuli abalandelayo, kodwa kungacini kulokhu: 50
- (i) *Cross-Border Road Transport Agency*;
- (ii) *National Public Transport Regulator*;
- (iii) *Air Service Licensing Council*;
- (iv) *International Air Services Council*;
- (v) Noma imuphi omunye umlawuli; futhi
- (b) uma uNgqongqoshe enqume ukuthi umlawuli oyedwa noma abaningi okukhulunywe ngabo endimeni (a) kumele bahlanganise, uMnyango kufanele ukhiphe umbiko wokubuyekeza ukusebenza kwawo namandla, okuhlangukwe ukuqaliswa kwezinguquko zomthetho ezidingekayo. ukwenza lula ukufakwa kwalaba balawuli phakathi neminyaka emithathu kusukela osukwini lokuqala nokusebenza ngezikhathi ezithile, ngemva kwalokho. 60
- (12) Ngaphambi kokuba uNgqongqoshe acabange ukwenza isinqumo esihlongozwe esigatshaneni se-(11), uMnyango, ngendlela enqunyiwe kanye nefomu—

- (a) must publish the relevant report contemplated in subsection (11)(b) in the *Gazette*, within the prescribed period;
- (b) must publish, in the *Gazette*, a notice that such a determination is being considered, and invite public submissions in response to the notice; and
- (c) may conduct public hearings on the matter in appropriate circumstances. 5

CHAPTER 2

ACCESS TO RAIL INFRASTRUCTURE

Determination of access costs and review of access agreements

5. (1) Once the Minister has determined, in terms of section 4, that this Act applies to rail infrastructure or facilities, the Regulator must determine the cost of access to that infrastructure or facilities, in terms of section 11. 10

(2) All entities that, immediately before the effective date, had access to rail infrastructure, continues to have such access rights in terms of the existing access agreements.

(3) Within one year from the date of the determination contemplated in subsection (1), an infrastructure owner must review all existing agreements that contain provisions that are inconsistent with this Act. 15

(4) An infrastructure owner must lodge all existing agreements that relate to rail infrastructure or facilities with the Regulator within one year from the date of the determination contemplated in subsection (1). 20

Types of access requests and access fees

6. (1) The following types of access requests may be regulated:

- (a) use of infrastructure that has been determined in terms of section 4, to run trains;
- (b) requests to physically interconnect infrastructure with infrastructure that has been determined in terms of section 4; or 25
- (c) requests to make investments in order to increase the capacity of infrastructure that has been determined in terms of section 4, where the owner of the said infrastructure has declined to make the requested investment to the requested specifications. 30

(2) The Regulator must prescribe reasonable fees for the processing of access applications, and different fees may be set depending on the type of access requested, and the size and complexity of the access request.

Contents of access agreements and notification to Regulator

7. (1) An access agreement, at a minimum, must contain— 35

- (a) the type of access request made;
- (b) the description of the infrastructure or facility that is subject to the access agreement;
- (c) the duration of the agreement;
- (d) the details of all the parties to the agreement; 40
- (e) the agreed access fees and associated conditions of service, as well as, any penalties for non-performance that may have been agreed to;
- (f) dispute resolution mechanisms; and
- (g) any additional services and fees levied.

(2) Before concluding an access agreement, the infrastructure owner must submit, in the prescribed manner and form, a notification to the Regulator detailing the terms of that access agreement and confirming that such terms are consistent with the provisions of this Act. 45

- (a) kufanele ishicilele umbiko ofanele ohlongozwe esigatshaneni (11)(b) encwadini IGazethi, phakathi nesikhathi esinqunyiwe;
- (b) kumele ishicilele, kwiGazethi, isaziso sokuthi lokho kunqunywa kuyacutshungulwa, futhi limeme izethulo zomphakathi ngokuphendula isaziso; futhi 5
- (c) lingaqhuba ukulalelwa kwemibono yomphakathi ngalolu daba ezimeni ezifanele.

ISAHLUKO 2

UKUFNYELELA KWINGQALASIZINDA YAJANTSHI

Ukunqunywa kwezindleko zokufinyelela kanye nokubuyekezwa kwezivumelwano zokufinyelela 10

5. (1) Uma uNgqongqoshe esenqume, ngokwesigaba sesi-4, ukuthi lo Mthetho usebenza nengqalasizinda kaloliwe noma izinsiza, uMlawuli kufanele anqume izindleko zokufinyelela kuleyo ngqalasizinda noma izinsiza, ngokwesigaba se-11.
- (2) Wonke amabhezini okuthi, ngaphambi nje kosuku lokuqala, afinyelele ingqalasizinda kaloliwe, aqhubeka nokuba nalawo malungelo okufinyelela ngokwemibandela yezivumelwano zokufinyelela ezikhona. 15
- (3) Ungakapheli unyaka owodwa kusukela osukwini lwesinqumo esihlongozwe esigatshaneni soku-(1), umnikazi wengqalasizinda kufanele abuyekeze zonke izivumelwano ezikhona eziqethe imihlinzeko ehambisani nalo Mthetho. 20
- (4) Umnikazi wengqalasizinda kufanele afake zonke izivumelwano ezihambisana nengqalasizinda kaloliwe nezinsiza ezikhona kuMlawuli ungakapheli unyaka owodwa kusukela ngosuku lwesinqumo esihlongozwe esigatshaneni soku-(1).

Izinhlabo zezicelo zokufinyelela kanye nezimali zokufinyelela

6. (1) Izinhlabo ezilandelayo zezicelo zokufinyelela zingase zilawulwe: 25
- (a) ukusetshenziswa kwengqalasizinda okunqunyiwe ngokwesigaba sesi-4, ukushayela izitimela;
 - (b) izicelo zokuxhumanisa ingqalasizinda nengqalasizinda enqunywe ngokwesigaba sesi-4; noma
 - (c) izicelo zokutshalwa kwezimali ukuze kwandiswe amandla engqalasizinda enqunywe ngokwesigaba sesi-4, lapho umnikazi wale ngqalasizinda eshiwo enqabile ukutshala imali eceliwe ngokwemibandela eceliwe. 30
- (2) Umlawuli kufanele abeke izimali ezifanele zokucutshungulwa kwezicelo zokufinyelela, futhi izimali ezihlukene zingahlelwa kuye ngohlobo lokufinyelela oluceliwe, kanye nobukhulu nobunkimbinkimbi besicelo sokufinyelela. 35

